ISIMEMO SOKUQOKWA KWAMAGAMA

UKUQASHWA KWAMALUNGU AYISIHLANU EMKHANDLWINI WOPHIKO OLUZIMELE LWEZOKUXHUMANA ENINGIZIMU AFRIKA (ICASA)

Isimemo sezikhungo noma abantu abazimele ukuba baqoke abantu abahlanu abazoqashwa ezikhundleni ezinhlanu emKhandlwini we ICASA, ngokusungulwa ngokoMthetho woPhiko Oluzimele Lwezokuxhumana eNingizimu Afrika, we-13 wezi-2000 [njengoba uchibiyelwe uMthetho wesiChibiyelo sezokuSakaza, wama-64 wezi-2000 kanye noMthetho wokuchibiyelwa koPhiko Oluzimele lwezokuXhumana eNingizimu Afrika, wesi-2 wezi-2014]. Kulezi zikhala zomsebenzi ezinhlanu, esisodwa sizovalwa manje bese lezi ezine zivalwa ngenyanga kaMbasa wezi-2020. Uma kuphela ithemu yamaKhansela amane.

I-ICASA yenza izimiso nezinqubomgomo zokulawula ezokusakaza nezokuxhumana ukuze ivikele umphakathi, ukuqinisekisa ukwenziwa kwezinto ngendlela nokusabalala kwemibono, iphinde ibheke isimo sendawo nokuphoqelela ukulandelwa komthetho, izimiso nezinqubomgomo, ilalele futhi ithathe izinqumo ngezinxabano nezikhalazo zalemboni, iyahlela futhi iphathe uchungechunge lwamaza futhi ivikele abathengi ezenzweni zebhizinisi ezingalungile, ikhwalithi ebhedayo, izinsizakalo ezisezingeni eliphansi nemikhiqizo eyingozi noma esezingeni eliphansi.

Abantu abazoqashwa kuloMkhandlu kufanele bazinikele ekwenzeni izinto ngendlela enobulungiswa, inkululeko yokuveza imibono, ukuvuleleka nokumela akwenzayo futhi abe umuntu omele lonke uhlobo lumuntu wakuRiphabhuliki ngokwehluka kwabo futhi abe neziqu ezifanelekile, nobucwepheshe nesipiliyoini kulomkhakha wokusakaza, phezu kwezinye izinto, ezokuxhumana ngogesi, inqubomgomo yokuposa noma indlela yokusebenza kwalo, ukuthuthukiswa kwenqubomgomo yomphakathi, ubunjiniyela bogesi, umthetho, ulwazi lobucwepheshe , okuqukethwe nganoma iyiphi indlela, ukuvikelwa kwabathengi, imfundo, ezomnotho, ezezimali nanoma yibuphi obunye ubuchwephwshe noma iziqu, futhi kube umuntu ohlala kuRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika unomphelo.

Ukuqokwa kwamagama okubhalwe phansi kufanele kube negama eliphelele nekheli lesikhungo noma lomuntu oqokayo, incwadi evumayo esayiniwe yilowo oqokwayo ne- Curriculum Vitae, equkethe okungenani lemininingwane: • Igama eliphelele, inombolo kamazisi nobulili • imininingwane yakhe yokuxhumana, inombolo yocingo nefekisi kanye ne-imeyili • Isipiliyoni (kufakwe izinsuku nezinkampani azisebenzele) • Amakhophi aqinisekisiwe eziqu zemfundo nomazisi.

Izincwadi zokuqoka umuntu nemibuzo kungathunyelwa ku- Portfolio Committee on Communications (Kuqondiswe ku: Mnz Thembinkosi Ngoma, Unobhala weKomidi), 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8001 noma nge-imeyili ku tngoma@parliament.gov.za noma ngefekisi ku 086 522 5740. Ukubuza ngocingo shayela ku 021 403 3733 noma 083 709 8 407.

Usuku lokugcina lokuthumela incwadi yokuqoka umuntu: ULwesihlanu, mhla zingama- 27 kuMandulo wezi-2019 ngehora lesi- 16:00. Sicela wazi ukuthi abaqokiwe kuyofanele kuqinisekiswe iziqu zabo zemfundo kwenziwo nophenyo lokuthi oqokiwe akanawo yini amarekhodi okwephula umthetho. Izincwadi zokuqoka umuntu ezingafikanga ngesikhathi angeke zisetshenziswe.

Sikhishwe uMnz BM Maneli, ILungu lePhalamende: Usihlalo, PC on Communications.

Parliament. Making Democracy Work.

www.ayandambanga.co.za ISOLEZWE ISIZULU 137631 www.thecandocompany.co.za